basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-37.

Imiyalelo yokumaka leli phepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. **(Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)**

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

'UKUTHULA' – BW Vilakazi

- Sebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-36.

ISINGENISO
Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isitatimende. Makabhekise esakhiweni nakumqondo wenkondlo.

UMZIMBA
Imbongi isisebenzise kahle isakhiwo sangaphakathi nesangaphandle ukugqamisa ubuhle bemvelo.

Isakhiwo sangaphandle
- Le nkondlo ibunjwe ngamabinza amabili.
- Ibinza lokuqala linemigqa eyisi-8 kanti ibinza lesi-2 linemigqa eyisi-9.
- Imigqa eminingi ivalekile, eminye inamagama ama-3 kanti eminye inamagama ama-5.
- Eminye imigqa inesizura kanti eminye imigqa ine-enjambamenti.

Imvumelwanomaphakathi
Bayasikhohlisa **ba**thi ngamahlengethwa
Abanye **ba**lokhu benyakazisana nemithi
Le mvumelwano idala umgqumo omnandi osamculo, igcizelela ukuthi laba bantu abasolwandle bakhohlisa abantu babone sengathi bayizinhlanzi ezingamahlengethwa ngenxa yezimo abavela beyizona.

Imvumelwanosiqalo
Ngiyabezwa bekhuluma woza ungizwise.
Ngiyabathanda, bayangithanda, woz' uzizwele.

Ifanamsindo
Ifanankamisa
Ehlabathin' **e**limhloph' **e**ligcwel' ufasimb**e**,
Ifanamsindo lidala umgqumo omnandi osamculo ligcizelele ukuthi kule ndawo kunemvelo enhle enesihlabathi esimhlophe.

Isakhiwo sangaphakathi
Umqondo wenkondlo
Imbongi ikhuluma ngobuhle bemvelo eletha ukuthula empilweni yayo yize kugcwele abantu abaningi, kukhona nemimoya yabantu abangasekho. Imbongi iqinisekisa

isithandwa sayo ukuthi okwenziwa yilaba bantu iyakujabulela kakhulu, nabantu abakule ndawo abayihlukumezi/abayiphazamisi ekungcebelekeni kwayo bayiphatha kahle yingakho ithi asize isithandwa sayo naso sizojabula kanye nayo.

- **Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe -** Imbongi ithi ifuna ukuhlala nesithandwa sayo eduze nolwandle oluwubuhle bemvelo lapho kungabonakali ukuthi amanzi olwandle agcinaphi ngoba kusankungu.
- **Le ndaw' egcwele' inhlokomo, kuyo kubuthene -** Imbongi ithi ijatshuliswa ukuzwa umsindo wokuhaza kwamanzi olwandle oluwubuhle bemvelo okwenza ibe nokuthula ngaphakathi emoyeni yayo.
- **Kuyona ngizw' amazwan' abantu bekhuluma -** Imbongi ithi uma ihleli kule ndawo izwa amazwi abantu abehlukahlukene bekhulumela phansi, bengakuphazamisi ukuthula nobuhle bale mvelo eyibonayo.
- **Benyakazisa nezindwan' eziluhlaza -** Imbongi ithi abantu abakule ndawo benza izinto ezahlukene, amanzi agcwele utshani obuluhlaza ngenxa yomoya omnandi okule ndawo eyimvelo.
- **Ngiyabezwa bekhuluma, woza ungizwise -** Imbongi ithi ijabulela konke okuhle ekuzwa kule ndawo yingakho inxenxa isithandwa sayo ukuthi naso sizothokozela ubuhle bale mvelo eletha ukuthula.

Umoya wenkondlo
Imbongi iveza umoya wokufisa/wokulangazelela ukuba yona nesithandwa sayo bayohlala bobabili kule ndawo ethandwa yimbongi esosebebi lolwandle ngoba yinhle futhi inokuthula.

- **Uma thina sobabili singahlala lapha -** Imbongi ifisa ukuthi yona nesithandwa sayo behlale bobabili kule ndawo.
- **Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe -** Imbongi iveza ubuhle bale ndawo okuyenza ifise ukuyohlala kuyona nesithandwa sayo.
- **Lapho kugcwel' ukuthula komhlaba nezulu -** Imbongi igqamisa indlela le ndawo ethule ngakhona yingakho ikulangazelela ukuyohlala kuyo nesithandwa sayo.
- **Le ndaw' egcwel' inhlokomo, kuyo kubuthene -** Imbongi igqamisa umsindo omnandi ozwakala uma ukule ndawo owenza ukulangazelele ukuhlala kuyo.
- **Konk' okuhle nokuphas' umphefumulo wami -** Imbongi iveza ukuncoma/ ukutusa ubuhle obutholakala kule ndawo okujabulisa umphefumulo wayo okuyenza ifise ukuba nesithandwa sayo ukuze naso sizozibonela lobu buhle.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe ngokufakazela ebhekisa esakhiweni senkondlo okugqamisa ubuhle bemvelo obuletha ukuthula emoyeni wembongi.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle] Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UTHUNYWE NGUBANI?' KNN Gcumisa

2.1 Imbongi iveza ukudideka njengoba ibuza ukufa ukuthi yini le edala kube khona ukufa okuletha ukuhlupheka. Iphinde ibuze ukufa ukuthi la mandla amakhulu kangaka kuwathathaphi.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo umqondo] (2)

2.2 Imbongi ingathekisa abantu ngezihlahla ukukhombisa ukungalingani kwamandla kwabantu emhlabeni. Imbongi ithi ukufa akukhethi kuthatha abantu abadala, abaphile saka njengoba isihlahla, umthathe, umsimbithi, umthombothi kuyizihlahla eziqinile nezenza izinto ezibaziwe ezingaphuki kalula eziyinguganaboya.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane wasekela] (2)

2.3 Ithoni esetshenziswe yimbongi ithoni yokunengwa yisenzo sokufa sokubulala ngesihluku ngisho nezingane ezisencane.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwe-thoni wasekela] (2)

2.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana okutshekile 'nomthombothi … abakwaMthombothi …' ukugcizelela ukuthi isihlahla esiqinile esimele ukuthi nabantu abanamandla nabo bayaficwa ukufa.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso yokusetshenziswa kokuxhumana wasekela] (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukukhetha leli gama 'ngoMkhulukhulu' ukubhekisa kuNkulunkulu okunguyena omkhulu kakhulu ukwedlula bonke abanye abantu futhi onamandla ukwenza nanoma yini.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngegama wasekela] (2)
[10]

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

'ITHALA LOBUNZULU' – EJ Mhlanga

3.1 Imbongi isebenzise leli gama, 'umthombo' ukungathekisa/ukuveza isikhungo semfundo ephakeme lapho kutholakala ulwazi, olujulile kulo mthombo oyisikhungo semfundo/Ukusakhela isithombe sokuthi sinjani isikhungo semfundo, siwumthombo.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu wasekela] (2)

3.2 Imbongi ithi isimo sesiguqukile sesisihle, wonke umuntu obengakwazi ukufunda usevumelekile ukuthi afunde.
Imbongi ithi izikhungo zemfundo ephakeme zinikeza ulwazi olunzulu/olujulile, olwenza umuntu abe nobuhlakani.
[Nikeza amamaki amabili uma efingqile umqondo wasekela] (2)

3.3 Igama 'izimbaqa' elisetshenziswe kule nkondlo lingilekelele ukuba ngibone ukuguquka kwezinto/ukukhanya osekukhona manje okwakungekho phambilini/ ukugqamisa ukuthi ubhaqa yisibani esiletha ukukhanya njengoba abantu sebekhanyiselekile ngenxa yokuzuza ulwazi obelukade lufihlekile kubona phambilini.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso yokusetshenziswa kwegama] (2)

3.4 Leli gama lingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi abantu asebefundile baba nogqozi nentshisekelo yokucathulisa bafundise bonke abantu abangakalutholi ulwazi oluyimfundo.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi umoya welekelele kanjani wasekela] (2)

3.5 Imbongi iphumelele kahle ukusetshenzisa i-enjambamenti ukuveza ukuthi umqondo oqale emgqeni wama-20 uphelele emgqeni wama-21 ukudala uheho/ ilukuluku lokufunda usheshe. Le enjambamenti igqamisa ukuthi nakuba kuyingcosana okutholwa ngabansundu kodwa lokho abakutholayo abakusebenzise ekwakheni isizwe esinekusasa eliqhakazile.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuxoxile ngempumelelo yokusetshenziswa kwe-enjambamenti wasekela] (2)
[10]

UMBUZO 4: (UMBUZO OMFUSHANE)

'ZINGQWELE ZE-AFRIKA' (SANKOMOTA) – VS Khumalo

4.1 Isizathu sokukhetha igama 'AbakwaNdumalo' ukuveza ukuthi ukudumala kuyashabalala/kuyaphela kubantu uma sebelalele umculo weSANKOMOTA.
[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu wasekela] (2)

4.2 Imbongi isebenzise uphawu oluwumbabazi ukugcizelela umuzwa wokugqugquzela leli qembu.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ukusetshenziswa kombabazi wasekela] (2)

4.3 Imbongi isebenzise imvumelwano maphakathi u'wa … 'olethe umgqumo omnandi osamculo nokugcizelela.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwemvumelwano wasekela] (2)

4.4 Imbongi isebenzise isimeleli, 'umhlaba' ngenhloso yokuveza ukuthi abantu abaningi abangeneme basizwa yilo mculo walezi zingqwele zase-Afrika ukuthi bajabule/Imbongi isebenzise isimeleli, 'umhlaba' omele igama 'abantu' ukuze kwakheke ifanamsindo likangwaqa uhl- oletha umgqumo omnandi uma ufunda lo mugqa.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso wasekela] (2)

4.5 Imbongi yethule kahle indikimba yomculo oculwa iqembu iSankomota. Lo mculo uletha injabulo kubantu abaningi okwenza ukukhathazeka kwabo kushabalale uma belalele lo mculo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyihlaziyile indikimba yomculo wasekela] (2)
[10]

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

'NKOSI THETHELELA' – KN Khuluse

5.1 Isikhawu esitholakala emgqeni wokuqala sisetshenziselwe ukuphumula, esitholakala emgqeni wesi-7 sisetshenziselwe ukubala.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo ukusetshenziswa kwesikhawu] (2)

5.2 Uhlobo lokuxhumana okutholakala ebinzeni lesi-2 uxhumanasigcino '… kwabasivezayo'. Imbongi ikwazile ukukusebenzisa ukuze kugqamisa/ukugcizelela nokunika umgqumo omnandi.
[Nikeza imaki elilodwa uma exoxe kafushane wasekela] (2)

5.3 Okufanayo kula magama abhalwe ngokugqamile ukuthi imbongi igcizelela ubukhulu bukaNkulunkulu. Ngakho-ke la magama agqamisa ithoni yenhlonipho ngoba imbongi ikhuluma ngoNkulunkulu uqobo.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile okufanayo wasekela] (2)

5.4 Umoya otholakala ebinzeni lesi-4 owokugxeka/owokumangala/wokuzisola. Imbongi iyazisola ukubona indlela abantu abehluleka ngayo ukubonga konke uMdali abenzele kona.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya wasekela] (2)

5.5 Imbongi yethule indikimba yenkolo kule nkondlo. Imbongi inxusa ukuxolelwa ukona okwenziwa ngabantu okufaka ukukhonza abanye onkulunkulu, ukwenza izinto ezingalungile njengokubulala, ukweba nokuphinga. Ngakho-ke imbongi ikwazile ukudlulisa ukucela kwethu uxolo kuthixo ngalezi zenzo esizenzile ezingalungile.
[Nikeza amamaki amabili uma ehlaziyile wahlolisisa indikimba wasekela] (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO
Akungcono ukwenza into ungayicabangisisa kuqala ulandela inhliziyo ngoba imiphumelela yakho ayibi mihle. Kubalulekile ukucabanga ngozokwenza kunokuba ulandele inhliziyo yakho ukugwema ukuphoxeka ekugcineni. Kule noveli kunabalingiswa abalandele izinhliziyo zabo benza izinto bengazicabangisisanga okunguMhlengi, uNontobeko, uNgidi, uS'bu, uXolani kanye noNdumiso.

UMZIMBA
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nokwenza izinto ungazicabangisisanga kuqala ngenxa yokulandela izinhliziyo.

- UMhlengi ucabanga ukuziguqula ubulili eKapa akakucabangi ngokuzokwenzeka kuNgidi noNontobeko.
- UNontobeko akacabangisisi ngenkathi ethatha isinqumo sokwala uNkululeko ngosuku olwandulela olomshado.
- Lokhu kulandela kwakhe inhliziyo yokuthanda uMhlengi owayemalile phambilini kudala ukuthi athole ukuphoxeka okukhulu ngenkathi efica uMhlengi esaphila njengomuntu wesifazane.
- Ukulandela inhliziyo kukaNgidi ngenkathi engakwamukeli ukuzwa okushiwo uMhlengi ukuthi u'*gay*' kumenza azithole eseba nenhliziyo ebuhlungu, engasenamndeni.
- Nakuba wakhombisa ukungabi nandaba nokuhamba kukaMhlengi kepha yikho okwamlethela izinkinga eziningi, ubanjwa inkunzi, kufe uNyambose, uqasha uShezi, ugcine ethola ukuthi uMhlengi sewaphila njengomuntu wesifazane, okwamphula inhliziyo.
- Okunye okwenzekayo kule noveli yilokhu okwenziwa nguS'bu elandela inhliziyo uma ezwa ukuthi uNdumiso use-Portshepstone, ubiza uZakithi kanti usebize noNomthi, bafike baxabane okuholele ekuboshweni kukaNdumiso.
- Nakuba uXolani enenkosikazi uLungile, uvumela inhliziyo, angacabangisisi uma egajwa wuthando, ubonana noMahlengi, ashaywe nguNdumiso, axabane noLungile kuze kushe umuzi wakhe kufe nezingane ngoba ephikelele nokuhlangana noMahlengi. Ekugcineni uyaphoxeka uma ethola ukuthi lo Mahlengi omsanganisile ubengumuntu wesilisa onguMhlengi.

- Okube buhlungu kakhulu okwenziwe uNkululeko elandela inhliziyo ngenkathi egajwa wuthando lukaNontobeko nakuba emtshela ukuthi akamthandi uyaqhubeka wala zonke izintombi zakhe, angakwamukeli ukuboniswa uZinhle ongudadewabo lokho okwaholela ekuzibulaleni.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kuvelile ukuthi nakule noveli abalingiswa abaningi bahlulekile ukucabangisisa izinto ngaphambi kokuthi bazenze ngenxa yokuthi bebelandela okufiswa yizinhliziyo zabo kunokusebenzisa imiqondo yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukwenza izinto ungazicabangisisanga kuqala ngenxa yokulandela inhliziyo.)

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Okudala ilukuluku okwenziwa nguNdumiso ukumbona esesuka epakisha ngokushesha lapho esecabanga ukushada noMahlengi.
[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu wasekela] (2)

7.2 USbu uvezwe njengomlingiswa othanda kakhulu utshwala futhi uthanda izintombi nonesikhwele ngoba akafuni ukubangiswa entombini athandana nayo njengoba efuna ukuba yedwa entombini.
[Nikeza amamaki amathathu uma emchazile umlingiswa ngokwalesi siqeshana] (3)

7.3 Okufanayo phakathi kukaNdumiso noNontobeko ukuthi banothando lweqiniso, bangenza noma yini ngenxa yothando/bathanda umuntu oyedwa bobabili. UNontobeko uthanda uMhlengi uze uyeqa ngaphambi komshado ashiye umshado aye kubo kaMhlengi. UNdumiso uthanda uMahlengi uze uya kwaNgidi eGcilima lapho ehlose ukuyobamba khona inkunzi ukuze alobole uMahlengi.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo ngoNdumiso noNontobeko] (3)

7.4 Isisusa sodweshu sidalwa ukuthi uMhlengi atshele uNontobeko ukuthi abahlukane kodwa angamtsheli isizathu salokho. Lokhu kudala udweshu ngoba uNontobeko ucabanga ukuthi uMhlengi umala ngoba esethole omunye umuntu.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile isisusa sodweshu wasekela] (2)

7.5 Ngicabanga ukuthi isenzo sikaMhlengi sokuziguqula ubulili siyakholeka ngoba sekunobuchwepheshe besimanje ababusebenzisayo ukuhlinza labo abafuna ukuguqula ubulili njengoba uMhlengi aya eKapa ukuyohlinzwa. Wayeseguquke ngale ndlela yokuthi uNgidi noNontobeko bahluleka ukumbona ukuthi nguyena mhla befika efulethini lakhe. UXolani noNdumiso bahluleka ukubona ukuthi wake waba ngumuntu wesilisa.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile ukukholeka wasekela] (3)

7.6 Ithoni yokuncenga/yokucela. UNgidi unomunyu ngenxa yokuthi ucela uNomalanga ukuba amelekelele ukuyofuna uMhlengi, ulokhu embiza ngesithandwa sakhe noNomalanga ucasukile uyakhala kepha uyaxola uphinde abize uNgidi ngesithandwa sakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ithoni] (3)

7.7 Okudala isixakaxaka ukushintsha kwezenzo zikaXolani uma esethandana noMahlengi. Uphuza kakhulu utshwala, ubuya ebusuku kakhulu ekhaya afike enuka iziqholo zabantu besifazane, ugcina esexabana nomkakhe uLungile. Isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguXolani sidalwa ukufika emzini wakhe afice isixuku, amaphoyisa nabezicimamlilo. Wezwa ukuthi izingane zakhe zishonile ngoba zishele endlini ngemuva kokuqubuka komlilo, zahluleka ukuphuma ngoba kwakuhluthulelwe.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile imbangela yesixakaxaka] (2)

7.8 Amazwi abhalwe ngokugqamile angilekelele ukuqonda ukuthi uNomalanga wagcina esesiqonda isimo sikaNgidi sokulangazelela ukuthola uMhlengi. Wehlisa umoya wavuma ukuhamba naye ukuze baye eThekwini ukuyofuna uMhlengi. Lokho kwakukhombisa ukuthi akukho lokhu akucabangayo kokuthi uNgidi uthanda uMhlengi ukwedlula yena.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kahle isimo wabuye wasekela] (3)

7.9 Indlela uNgidi abuka ngayo izinto ngemuva kokuhlangana noNontobeko imveza njengomlingiswa oxolelayo futhi onothando. Uthando lwengane yakhe enguMhlengi luyavuseleleka ngoba uba nethemba lokuthi hleze amfice uMhlengi eseyiguqulile ingqondo yakhe ngalokhu ayekade emtshele kona.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile isimo wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukudlulisa umyalezo othi, ubugebengu abulungile ngoba kuze kufe nomuntu ongenacala ngenxa yabantu abenza ubugebengu. UNdumiso ubamba uNgidi inkunzi, udubula uNyambose ngesikhathi ebaleka eyophuma ngesango.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngomyalezo wabuye wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
[25]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Akungcono ukwenza into ungayicabangisisa kuqala ngoba imiphumela yayo ayibi mihle. Kubalulekile ukucabanga ngozokwenza kunokuba ulandele inhliziyo yakho ukugwema ukuphoxeka ekugcineni. Kepha kule noveli kunabalingiswa abalandele izinhliziyo zabo benza izinto bengacabangisisanga okunguGenyeza, uChule, uDaffo, uMahuzu, uMaHadebe.

UMZIMBA

- UGenyeza akacabangisisi ngenkathi ethatha isinqumo sokulwela uNomvula eshaya bonke abantu abeze kuNomvula.
- Leso senzo sakhe sagcina ngokuthi aboshwe, nakuba wayeboshwa yiphoyisambumbulu elinguDaffo, walahlekelwa nguNomvula owahamba wahlala noChule.
- Okwenziwa nguChule okukhombise ukuthi ulandele inhliziyo ukuthi alahle inkosikazi nabantwana bakhe, ufuna imali angayisebenzelanga ngokuzingela abafelokazi abaqole imali yabo.
- Angagcini lapho afune ukuqola imali kaMirriam okwathi noma eseyitholile akanganeliswa, afune ukumbulala ukuze imali yonke itholwe nguye.
- Okubuhlungu wukuthi wakha itulo lokuzama ukumbulala kepha izinto azihambanga kahle, kwaphetha ngokuthi kufe yena kwasala uDaffo waboshwa ngamaphoyisa.
- Nakuba uDaffo wayengumngani kaChule kepha naye walandela inhliziyo yokuzingela imali yabafelokazi. Ufuna imali kaMirriam oseyinkosikazi kaChule ngenkathi uChule, ongumngani wakhe esesibhedlela. Lokhu kwadala ukuthi uChule amjezise kabuhlungu ngokumenza inhlekisa emphakathini, wamguqisa esitolo wamhlanzisa sona eguqile. Naye wagcina ngokuboshwa ngenxa yokulekelela uChule ngemuva komzamo wakhe ongaphumelelanga wokubulala uMirriam.
- Okunye okwenzeke kule noveli ukubuya kukaMahuzu eGoli ebizwa nguMaHadebe owayefuna yonke imali kaNomvula ayiwine emjahweni wamahhashi.
- UMaHadebe uthumela ingane yakhe uMahuzu eThekwini ukuze ayodlisa ushevu uNomvula. Leso senzo sakhe saphetha ngokuthi bajeze ngokufa ngemoto ababehamba ngayo.
- Okube buhlungu kakhulu kule noveli ukungacabangisisi kukaMaHadebe ngenkathi exoxisana nomyeni wakhe uMeyili ukuthi babulale uNomvula ukuze bazothola imali yakhe kepha uMeyili wenqaba ngoba ethi kuningi uNomvula asebenzele khona.
- Angagcini lapho ahlele ukubulala uMaNdelu ukuze kuzobuya uNomvula eze ekhaya bese ebabulala athole umcebo kaNomvula. Ukungakwazi kwakhe ukubonga konke uNomvula abenzela khona kepha ufuna yonke imali kaNomvula.
- Lokhu kulandela kwakhe inhliziyo kumenza akhohlwe ukuthi ubethinte ushevu, ugcina ngokukhotha uzipho lwakhe adle ushevu agulele ukufa, kugcine kwazi umndeni.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kuvelile ukuthi nakule noveli abalingiswa abaningi bahlulekile ukucabangisisa izinto ngaphambi kokuthi bazenze ngenxa yokuthi bebelandela okufiswa yizinhliziyo zabo kunokusebenzisa imiqondo yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukwenza izinto bengazicabangisisanga kuqala ngenxa yokulandela inhliziyo).

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 Okudala ilukuluku okwenziwa ngumlingiswa onguGenyeza wukuthi axoxe noGezekile ngenkinga yakhe bese ebonakala embuka ngenye indlela kade engamnakile nakuba esebenza naye.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo okudala ilukuluku wasekela] (2)

9.2 UGezekile uvezwe njengomlingiswa onozwelo, okhuluma ngokunambuza, onesitho esihle futhi omuhle. Uyamduduza uGenyeza ngokuthi ingqondo kaMirriam izobuya abone ukuthi uGenyeza nguyena omthanda ngokweqiniso.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze uGezekile ngokwalesi siqeshana] (3)

9.3 Bobabili umkaCampbell nomkaDicey bawuhlanga lwabantu abamhlophe abangenalo ubandlululo kubantu abansundu. UmkaCampbell weluleka uGenyeza ukuthi afunde ukushayela imoto njengoba uMirriam esenemali. Umbuza imibuzo eyakhayo yokusebenzisa imali njengokushada. UmkaDicey upha uMirriam izingubo zakhe kanti umkaCampbell ugibelisa uGenyeza emotweni yakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo wase enikeza isibonelo kumlingiswa ngamunye] (3)

9.4 Isisusa sodweshu sidalwa wukuthi uGenyeza ucela ukhiye wemoto ephoyiseni egalaji unogada uza ngokudembesela, ufika ubuza kabi uGenyeza ukuthi uzoyenzani imoto ngoba ayibizi amalandi ayi-10.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile isisusa sodweshu wasekela] (2)

9.5 Ngicabanga ukuthi isenzo sikaMirriam sokuqhubeka nokusebenza siyakholeka ngoba kwakudingeka afune indawo yokuhlala kuqala, athole nolwazi lokuphathwa kwemali ngaphambi kokuyeka.

NOMA

Ngicabanga ukuthi isenzo sikaMirriam sokuqhubeka nokusebenza asikholwakali ngoba uma umuntu esethole isizumbulu semali akwenzi umqondo ukuthi angaqhubeka asebenze kanzima athole imali encane ebe enemali yakhe eningi.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile ukukholeka wasekela] (3)

9.6 Ithoni yothando/yosizi/yokumzwela/yokudabuka. UChule uze kuNomvula emjabulele. Uthi uma embona ukuthi ubekhala ambuze ukuthi ukhathazwa yini, umbiza ngesithakazelo amtshele ukuthi muhle/UNomvula unomunyu uma ebona isithandwa sakhe siyoboshwa uyakhala kakhulu.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ngethoni] (3)

9.7 Okudala isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguMaNdelu ngukuzwa ukuthi kukhona owayehlele ukumbulala ngokumdlisa ushevu ukuze kuzothi uma eseshonile bese kudliswa noNomvula esahlezi emakhandleleni.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile imbangela yesixakaxaka] (2)

9.8 Amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele ngokuthi uMiriam athambise inhliziyo emuva kokuthi ukhulume naye kahle emthopha njengomuntu omthandayo nomkhathalelayo.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kahle amazwi wasekela] (3)

9.9 Indlela uChule abuka ngayo izinto imveza njengomlingiswa ongumkhohlisi ngoba uqhubeka naye sengathi uyamthanda aze akhombise ukuba nesikhwele kanti unezinhlelo zokuthatha wonke umcebo kaNomvula.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile indlela yokuvezwa komlingiswa wasekela] (2)

9.10 Umbhali uphumelele kahle ukudlulisa umyalezo othi impilo yomuntu iphethwe nguMdali wakhe kwesinye isikhathi ngeke kwenzeke umuntu afe ngentando yomunye umuntu singakafiki isikhathi sakhe sokufa. UMaHadebe ubehlose ukubulala umaNdelu ngokumdlisa ushevu kanti uMaNdelu uzoxwayiswa ukuthi angakudli lokho kudla, okwabulala inja nekati ngoba kwadliwa yilezo zilwane.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngomyalezo wabuye wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)
[25]

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

KUNJALO-KE – ME Wanda

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Akungcono ukwenza into ungayicabangisisa kuqala ngoba imiphumelela yakho ayibi mihle. Kubalulekile ukucabanga ngozokwenza kunokuba ulandele inhliziyo yakho ukugwema ukuphoxeka ekugcineni. Kepha kule noveli kunabalingiswa abalandele izinhliziyo zabo benza izinto bengacabangisisa okunguMoloi, uDumazile, uSithole, uMaNzimande noMtalaselwa.

UMZIMBA

- UMoloi akacabangisisi izenzo zakhe ulandela inhliziyo ngokukhohlisa uMisi Hlophe ngoba uthandana naye ebe enenkosikazi ayishiye eGoli, amkhulelise engamshadanga. Ikusasa likaMiss Hlophe liyabhidlizeka ngoba uba nengane noMoloi oshadelwe.
- Aqhubeke nokulandela inhliziyo ngokukhohlisa uDumazile amenze akholwe ukuthi uyamthanda kanti akulona uthando lweqiniso, wuthando olukhandwa yimithi, amkhulelise, ajike ambalekele angondli nengane yabo uLerato.
- Lokho kwaholela ekutheni ashiye emsebenzini engasulanga ngokomthetho njengothisha.
- Okubi kakhulu ukuvumela inhliziyo ngenkathi ebona uDumazile esengunesi emuva kweminyaka eminingi ngenkathi eze nenkampani ayeyisebenzela i-New Life. Akacabangisisi kahle uma eya kwaDumazile ngoba uficana noSithole emzini kaDumazile balwe. Kepha aqhubeke embathe noDumazile, agcine ngokushona ngenxa yokubulawa yisifo.
- Nakuba uDumazile wayesedunyazwe nguMoloi kodwa uvumela inhliziyo, uthandana noSithole oshade noMaNzimande. Ngalokho-ke kwamenza waxoshwa nguMaNzimande, uyakhulelwa futhi okwagcina esephelelwa ngumsebenzi esitolo sikaSithole.
- Konke lokhu akwenzayo ngokulandela inhliziyo kwamenza wakhohlisa uSithole wangathembeka kuSithole yize embuyisele esikoleni wamfundisa. Uyaqhubeka nokungathembeki uqoma uMtalaselwa emsebenzini aphinde akhe itulo lokushisa isitolo sikaSithole ehlangene noMthovovo.
- Akabi nandaba yokuthi usizwe nguSithole nangenkathi eshayise ngemoto icala lathwalwa nguSithole. Akamamukeli uma esebuya ejele ukuba ahlale naye ngokuphelele. Lokho kwadala ubutha ezinganeni ngoba uSithole noMoloi balwa phambi kwazo, bathela umuzi wakhe ngehlazo. Washiya izingane zakhe zodwa wabaleka emzini wakhe noMtalaselwa.
- Ikusasa likaSithole liyabhidlizeka, uzithola esejele kuthi noma esephuma abe impabanga. Ukulandela kwakhe inhliziyo kumenza alahlekelwe yikho konke akusebenzele kanzima ngenxa kaDumazile.

- Okubuhlungu okwenzeka kuMaNzimande owalandela inhliziyo, wangacabangisisa lapho ekholelwa ngalokhu akuzwa ngoLizy, wahlukumeza uSithole emtshela ukuthi akaxoshe uDumazile. Lokho kwaholela ekutheni uSithole amshiye ayohlala noDumazile.
- UMaNzimande uyamamukela uSithole emzini wakhe, ungenwa ukugula agcine ngokushona.
- Okunye okwenziwe nguMtalaselwa lapho elandela inhliziyo, ukuzohlala noDumazile, emzini kaSithole. Akafunanga ukulalela uMaShandu uma emxwayisa ngoDumazile onezingane zabanye obaba. Lokho kwaholela ekutheni ahlazeke ngoba wezwa emsakazweni ngokulwa kwamadoda emzini wakhe. Kwangagcina lapho washona ngenxa yokutheleleka ngesifo.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kuvelile ukuthi nakule noveli abalingiswa abaningi bahlulekile ukucabangisisa izinto ngaphambi kokuthi bazenze ngenxa yokuthi bebelandela okufiswa yizinhliziyo zabo kunokusebenzisa imiqondo yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukwenza izinto ungacabangisisanga kuqala ngenxa yokulandela inhliziyo).

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

11.1 Okudala ilukuluku ngasekuqaleni kwesiqeshana ukuqhamuka kukaKheswa ematshwaleni ngesikhathi oMandovela noDumazile sebebuyele ekhaya ngoba akwaziwa ukuthi uzobenzenjani njengoba ayegcine ebaxoshile.
[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu wasekela] (2)

11.2 UKheswa uvezwe njengomlingiswa onoxolo/onokuzisola oyihloniphayo inkosikazi yakhe njengoba ethi, uma ezoxoxa nayo uyicela ukuthi baye koxoxela endlini yabo yokulala.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile uKheswa ngokwesiqeshana] (3)

11.3 Bobabili uDumazile noMiss Hlophe bathandana nothisha uMoloi uze uyabakhulelisa. Bayaxabana ngaphandle kwe-staffroom bebanga yena uMoloi. Bagcina sebenezingane zakhe bobabili abasala nazo zingasondliwa nguyise.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile okufanayo] (3)

11.4 Isisusa sodweshu sadalwa ngukuthi uMaJwara wayemtshela ukuthi uDumazile ukhulelwe futhi bazoya kobika isisu ngakusasa.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile isisusa sodweshu wasekela] (2)

11.5 Ngicabanga ukuthi isenzo siyakholeka ngoba uKheswa wayephoxekile ngenxa yokukhulelwa kukaDumazile ngemuva kokuba uMaNdovela wayemncengile ukuthi avumele uDumazile aye kofunda eMbumbulu waze wadayisa inkomo ngoba engenayo imali.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile ukukholeka wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (3)

11.6 Ithoni yokumangala/yokwethuka ngoba abazali bakaMtalaselwa babengalindele ukuthi usefuna ukuthatha umakoti, abangazi noma uzokwazi yini ukumelana nendawo abahlala kuyona.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ithoni wasekela] (2)

11.7 Okudala isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguSithole ukushelwa yisitolo sakhe agcine ngokulahlekelwa yiso ngoba wayengawukhokhelanga umshwalense. Wahluleka ukukhokhela iveni yomlungu eyabe ishayiswe ngoDumazile wase uyaboshwa.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile imbangela yesixakaxaka] (2)

11.8 Amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele ukuba ngiqonde ukuthi unina kaMtalaselwa uMaShandu uyabhuqa njengoba indodana yakhe isanda kubatshela ngokuba ifuna ukuthatha intombi okungesiyona eyendawo. Ubona sengathi izinkomo zizophumela ubala ngoba lowo makoti hleze akakwazi ukutheza kanye nokuthwala umgqomo wamanzi. Uthi sekusele ngakuyise kaMtalaselwa ukuba akhiphe izinkomo esibayeni ziyolobola uDumazile.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile umthelela] (3)

11.9 Indlela uMtalaselwa abuka ngayo izinto imveza njengomlingiswa onguthathekile ngoba wahlukana nomama wengane yakhe wakwaZungu, akangalaleli uMaShandu uma embonisa ngokuthatha uDumazile kanti ekugcineni kuzolwa oSithole noMoloi emzini wakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile indlela yokuvezwa komlingiswa wasekela] (3)

11.10 Umbhali uphumelele kahle ukudlulisa umyalezo othi kuyingozi ukuxolela umuntu ongathembekanga. UMaNzimande waxolela uSithole engazange esahlola isimo sakhe sokuphila okwagcina kwenze bathelelane ngesifo sesandulelangculazi bagcina beshonile bobabili bashiya uMpisendlini engasenabo abazali.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umyalezo odluliswa ngumbhali] (2)
[25]

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abanye abantu baye bakhethe izindlela zokuphila ngenxa yezinhloso ezithile. Ezinye zalezi zindlela ziyabaphumelelisa kanti ezinye ziyayishabalalisa impilo yabo. Nakule noveli kunabanye abalingiswa abakhethe ukuphila ngendlela emazisayo umuntu nengamazisi umuntu. Abanye bakhethe impilo ephakeme kakhulu egcina ibahlulile baze babuyela kulena ababeyibona ingabafanele. Nakule noveli kwenzekile kulaba balingiswa abangoBafana, u*Poppie* no-Euthenasia bona abakhetha indlela eyabashabalalisa kanti abalingiswa abangoHlanganisani, u-Uzithelile, uDokotela uMdlalose bona bakhetha indlela ezabaphumelelisa empilweni.

UMZIMBA

- Kule ndaba sethulelwa umlingiswa onguBafana okwazile ukukhetha ukuphila ngendlela ehlukile kweyomndeni wakhe waseMpaphala. Ufundile wakwazi ukuthola umsebenzi omuhle, waganwa nguPoppie baba nendlela yokuphila ngokuhlukaniselana izinto okumele bazenzele umndeni wabo.
- Kulokho kuphila ngokungahlanganisi imibono kudala uqhekeko emndenini wakhe, uphuza utshwala ngokweqile okuholele ekuphelelweni ngumsebenzi. Iqhubeke nokushabalala impilo yakhe ngoba uyabhunguka, uzikhethela indlela yokuba nomasihlalisana uMaMthunzi lapho agcine engasanayo ngisho nemoto. Iqhubeke impilo nokushabalala, alahlekelwe wumsebenzi wesibili agcine esehlala noMaMsibi lapho ayephenduke isigqila sokuwashela uMaMsibi.
- Njengoba uHlanganisani ekhuliswa kahle nguNjini Cele ongumkhulu wakhe, akakuvumeli ukukhetha indlela engenampumelelo. Uzama indlela yokuphila kahle, wenza imisebenzi eminingi njegokubamba amatoho ezolekelela ukuletha imali ukuqhubekisa imfundo yakhe.
- Akagcini lapho ufunda kanzima uze aye phesheya afunde agogode. Uthi uma ebuyela eMpaphala, abambisane noVikizitha bathenge ipulazi.
- Omunye okhethe impilo emphumelelisile u-Uzithelile ngokukhetha indlela enempumelelo yokusebenza kanzima wafunda ukuzimela. Uhloniphe umkhulu wakhe ngokuthi angaxwayi ukuba ngumelusikazi ebe eqhubeka nesikole. Uyazimisela ngisho emincintiswaneni yokugijima aphumelele ngamalengiso.
- Akagcini lapho ufunda kanzima uze ayofunda naphesheya. Nangenkathi esephesheya ukhetha ukusiza uMelody ukuthi naye azofunda khona ukuze abe nekusasa elinempumelelo. Uthe uma esebuya phesheya wakwazi ukusiza umphakathi ukuthi ukwazi ukuzimela ukuqeda indlala eMpaphala.
- Wabuya esekhaliphe kakhulu esenomqondo ophusile ngoba lapha usiza abantu baseMpaphala ababebulawa yindlala.

- Kukho konke okwenziwa ngu*Poppie* kokukhetha indlela ebimphumelelisa empilweni, efunda egogoda kepha ugcina ngokushabalalisa indlela yakhe ebiyimpumelelo, akazifuni izihlobo zomyeni wakhe ngoba ethi ngezasemakhaya, udelela uBafana akamhloniphi njengomyeni wakhe, uthengela izingane imoto bengavumelananga, utshela uBafana ukuthi ushise izincwadi zasemsebenzini kaBafana, uxosha uMaXakushe osebenza emzini wakhe. Impilo yamjikela impakamo iyaphela yokudelela abantu, usehamba ngenduku, ugcina eseya khona eMpaphala.
- Izindlela ezazikhethwe nguBafana no*Poppie* zokungabi nobuntu ziholela ekutheni bavakashela uDkt. Mdlalose ukuze bazothola izeluleko kuye, njengoba wayekhethe indlela ephumelelisayo ngokufunda kanzima waze waba nguDokotela wengqondo.
- UDkt. Mdlalose akazange abambe igqubu indlela uBafana ayebaphilisa ngayo, ukhetha indlela yokuxolela, uba nobuntu uma efika. Umnika iziyalo eziphusile zokuphatha umndeni ukuze ube nempumelelo njengoba nowakhe uphila impilo enobuntu nempumelelo.
- Okukhulu kunokunye ukuba khona kuka-Euthenasia okhuliswe ngendlela engenabo ubuqotho ebimenzisa izinto ezingalungile, untshontsha imoto kaMiss *Hawkins* kanye nemali kaMaXakushe. Emuva kwalezo zenzo ukhetha indlela ephumelelise impilo yakhe, ufuna imvelaphi yakhe eMpaphala, aqhubeke nokufunda phesheya.
- Konke lokhu kuqhubeka kahle nempilo wakwazi ukulekelelana noHlanganisani ukuguqula isimo sempilo kaBafana no*Poppie*.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kukho konke okwenzekile kule noveli kuyavela ukuthi abalingiswa bakhethe izindlela ezahlukahlukene ezibaphumelelisile nezibashabalalisile empilweni. Ngakho-ke abantu mabafunde ukukhetha ngobuhlakani bazi ukuthi izindlela abazikhethayo zizoba nomvuzo empilweni yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa abalingiswa abakhethe izindlela ezahlukene ezibaphumelelisile nezibashabalalisile empilweni).

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Okudala ilukuluku okwenziwa nguCele kulesi siqeshana yindlela athandaza ngayo ngenkathi ebuya eMlazi emzini kaBafana eyenza ukuthi uMaKhumalo abone ukuthi akahambanga kahle.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile ilukuluku wasekela] (2)

13.2 UMaKhumalo uvezwe njengomlingiswa onomoya ophansi, onenhlonipho/ozothile, wakwazi ukubona ukuthi izinto azihambanga kahle engakamtsheli lutho uCele kodwa wamhlonipha ngokuhlala phansi, walinda uCele ukuthi ahlale phansi ngaphambi kokuthi ambuze ukuthi uhambe kanjani yize ayesebona ukuthi akahambanga kahle eThekwini.
[Nikeza amamaki amathathu uma emchazile umlingiswa ngokwalesi siqeshana] (3)

13.3 Bobabili uCele no-Uzithelile bangamaqhawe futhi banesibindi. U-Uzithelile wanqoba izinselelo eziningi kusukela elusa elwa noKhanjana, waya naphesheya wabuya wabamba umhlangano ephendula imibuzo yabesilisa ngesibindi nangokuzethemba. UCele wayeyishinga lensizwa ephatha izinduku ngaphambi kokuba akholwe akhethe inkolo yobuKristu. Wabe eseshintsha esekwazi ukuzibamba. Wayenesibindi sokumela into akholelwa kuyo/usikompilo njengokuthi izingane zikaLinono ngezikaBafana futhi uzozikhulisa azifundise.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo kulowo nalowo] (3)

13.4 Isisusa sodweshu phakathi kuka-Uzithelile noKhanjana yileso sokujikijela inkunzi yakwaCele ngenduku bese iyageja igcine seyishaye u-Uzithelile ehlombe. Kwathi uma u-Uzithelile ebuza uKhanjana ngalesi senzo wamtshela ukuthi ukube umlimazile ubezoya komgeza futhi ubezoba yindlobho njengayo leyo nkunzi yakwabo.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ngesisusa sodweshu wasekela] (2)

13.5 Ngicabanga ukuthi isenzo sika-Uzithelile sokuyalela ukuba kuthathwe uZaneqiniso noZanele bayohlala eMpaphala siyakholeka ngoba wayekhuliswe kahle nguCele noMaKhumalo ngobuntu nangenkolo. Wabona ukuthi uVuk'uzithathe/*uMelody* wayeludinga usizo lwakhe ukuze aqhubeke nezifundo zakhe phesheya.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile ukukholeka wasekela] (3)

13.6 Ithoni yokucasuka/yokudikila/yokubhuqa ngoba uBafana uyaliduba ikhaya lakhe ngenxa yokungaboni ngaso linye nomkakhe u*Poppie*. U*Poppie* ubhuqa uBafana ambize ngesithandwa sakhe yize esethe umeleka ngesithunzi ngoba efundile kunaye.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ithoni] (3)

13.7 Okudala isixakaxaka empilweni kaMelody ukuthi wayesethole izingane ezimbili kobaba abehlukene engashadile, esefuna ukuzibulala. Wahamba ekhaya ngenxa yokungezwani nonina uMaMthimkhulu waphinde wabuya.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile imbangela yokuba yesixakaxaka] (2)

13.8 Amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele ukuthi ngiqonde indlela uBafana ayecasulwe ngayo yisenzo sikaPoppie sokuthengela izingane imoto ebe engatsheliwe kodwa engumnumzane wekhaya. Nangendlela u*Poppi*e akhuluma ngayo noBafana etshengisa ukuthi akazisoli ngesenzo sakhe yize esebona ukuthi uyaliduba ikhaya labo.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kahle amazwi wabuye wasekela] (3)

13.9 Indlela uMaMsibi abuka ngayo izinto kumveza njengomlingiswa ohlushwa yidlozi, ongasakwazi ukusebenza ngokuphelele nokuhlala noNgubane nonothando lokulungisa izinto njengoba etshela uBafana ukuthi makabuyele kubo eMpaphala ukulungisa izinto ezizosusa isinyama namashwa kuye.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile indlela yokuvezwa komlingiswa wasekela] (2)

13.10 Umbhali uphumelele kahle ukudlulisa umyalezo othi abanye abantu abakwazi ukukubonga noma ungabenzela okuhle kangakanani. Ngokunganeliseki okuncane kukaPoppie kwenze wakhohlwa okuhle okwenziwe nguMaXakushe kokubakhulisela izingane nokubagcinela umuzi iminyaka eyi-15 wabe esemxosha.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umyalezo wasekela] (2)
[25]

UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-esseyi.

ISINGENISO
Ngiyavumelana nalesi sitatimende esithi. 'Kufanele usebenzise amathuba owatholayo ngobuhlakani ukuze uphumelele.' Kuyinto eyenzekayo ukuthi abantu basebenzise amathuba. Nakulobu buciko bomlomo obulandelayo kunabalingiswa abathole amathuba ehlukene base beyawasebenzisa.

UMZIMBA
'INKOSI YEZINYONI'

- Izinyoni zazisazwana zonke zinobuhlakani bokubona ukuthi zidinga eyazo inkosi yezinyoni ngoba izidingo zazo zingeke zaqondwa yinkosi ibhubesi eyabe ikhethiwe ngaleso sikhathi. Izilwane zazisakhuluma, izinyoni zakhuluma noMdali zikhononda.
- UMdali wanquma ukukhetha inkosi yezinyoni njengesicelo sezinyoni lapho kwaphumelela idada nempangela kanti ungcede uzosebenzisa ubuhlakani obunobuqili ukuze kuthiwe nguyena ophumelele.
- Ukhozi lwase lundiza lushiya idada nempangele, luzithela ngothuli lwaze lwafika emkhathini.
- Ungcede waphuma ophikweni lokhozi wandiza wenyukela emafini. Izibukeli azibonanga ukuthi ungcede wayephume ngaphansi kophiko lokhozi.
- Ezinye izinyoni ezazingenele umncintiswano zayiphika eyokuphumelela kukangcede ngoba zazibubonile ubuqili bakhe.
- Iqola lafuna ukubamba ungcede limbulale wase ebaleka ungcede.
- Ngobuhlakani bukangcede wacasha emgodini wemvukuzane.
- Izinyoni zanquma ukubeka isikhova ukuthi siqaphe lo mgodi kodwa sazumeka waphinda ungcede wasebenzisa lelo thuba wabaleka. Ungcede ulisebenzisa ngobuhlakani leli thuba alitholayo lokubaleka ukuze asinde olakeni lwezinye izinyoni.
- Izinyoni zathukuthela ngoba isikhova singawenzanga umsebenzi esasiwunikiwe.

'ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND'

- Kulezi zibongo kuyavela ukuthi abantu baseNingizimu Afrika basebenzisa amathuba abawatholayo ngokuba khona nje kwesiqhingi sase-Robben Island.
- Phela eRobben Island kulapho kwakuboshelwe khona amaqhawe alwela inkululeko yezwe laseNingizimu Afrika.
- Ubuhlakani obasetshenziswa ngamaqhawe omzabalazo ukulwela inkululeko yize ayeboshiwe buyamangalisa.
- Ukuzabalaza kwalawo maqhawe yikona okwaholela ekutheni iNingizimu Afrika ikhululeke emaketangweni obandlululo.

- Lawo maqhawe adela konke ngempilo yawo, adonsa iminyakanyaka eRobben Island ngenhloso yokunqoba ubandlululo eNingizimu Afrika, amanye ahamba awazange abuye.
- Ukuhlala kulesi siqhingi kwenza imiqondo yabo yakhalipha bakwazi ukuhlela okuningi okuphathelene nombangazwe/nombusazwe.
- Namuhla iNingizimu Afrika ikuleli zinga ekulo nje ngokwentando yeningi kungenxa yesibindi nobuqhawe ababukhombisayo, bebekezela kunzima.
- Lesi siqhingi sesisetshenziselwa ukuba yisigcinamagugu futhi yindawo evakashelwa yizivakashi ezibuya emazweni ahlukene. Kuwubuhlakani ngoba sesisetshenziselwa ukukhuphula umnotho wakuleli.
- Sebephumelele abaningi ababeboshwe kulesi sikhungo futhi sesiphenduke indawo yokunethezeka nokungcebeleka kungekho muntu oboshwe ngamaketanga.
- Ngakho-ke imbongi ithi nakuba isiqhingi saseRobben Island sinuka phu ubandlululo kepha isethulela isigqoko ngokukhulisa imiqondo yabantu abaningi ababeboshwe khona nangokuba yinsengwakazi eyondla izingqalabutho zezwe laseNingizimu Afrika.

ISIPHICAPHICWANO

- Lesi siphicaphicwano siphathelene nemisebenzi yasekhaya.
- Ingane esinayo phezu kukanina, yimbokodo yokugaya kanti unina yitshe lokugaya.
- Lesi siphicaphicwano siveza ubuhlakani bokusebenzisa imbokodo netshe ukugaya.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)

Enganekwaneni ethi, Inkosi Yezinyoni, izinyoni zazikhonondela ukuphathwa yinkosi eyibhubesi engazazi izidingo zezilwane ezindizayo. Ukukhononda kwenza ukuba uMdali anike izinyoni ithuba lokuba zikhethe eyazo inkosi ngokungenela umncintiswano wokundiza. Zonke izinyoni zalisebenzisa leli thuba ukuze ziphumelele.
Ezibongweni Isiqhingi Sase-Robben Island balisebenzisa ithuba abalitholayo ababoshiwe ukuze baphumelele ukulwisana nobandlululo. Kuthe noma sezidedeliwe zonke iziboshwa zezombusazwe iziphathimandla nabantu baseNingizimu Afrika balisebenzisa ithuba lokwenza lesi siqhingi indawo yamagugu neyokungcebeleka.
Isiphicaphicwano esithi, Ngikuphica ngengane esina phezu kukanina, unina azithulele nje siyisiphicaphicwano esingasetshenziswa yiwo wonke umuntu oye waphumelela ekwenzeni okuthile ngobuhlakani. **[25]**

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

IZINGANEKWANE: 'INKINGA YESELESELE'

15.1 Isele labe linenkinga yokukhokha intela emhlabeni nasemanzini ngoba lona kwakufanele likhokhe kuwo womabili amakhosi ngoba lalihlala kuzo zombili lezi zindawo.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngokwesiqeshana] (2)

15.2 Zombili lezi zilwane, ingwenya nendlovu zabe ziyizinduna. Zabe ziqoqela amakhosi azo intela emhlabeni nasemanzini kwezinye izilwane.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile okufanayo] (2)

15.3 Isisho 'zayime emthumeni' siyahambelana nomyalezo othi, ukuhlakanipha kuyaphela/ayaphela amaqhinga uma umuntu esebanjiwe. Isele lahluleka ukuphendula lagcina libanjiwe lingasakwazi ukuqamba amanga ngoba ingwenya nendlovu base belibonile ukuthi aliyikhokhi ndawo intela beliqamba amanga.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ukuqonda umyalezo] (3)

15.4 Inganeko ngoba ixoxa ngenkolo nokuthi kwaqala kanjani ukufa kwabantu.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile uhlobo nesizathu] (2)

15.5 Abantu abawuthathanga umyalezo wonwabu olwaluthunyiwe uma selufika kamuva seluthi abantu mabangafi ngoba base bezwe intulo eyayithe abantu mabafe. Lesi simo sokukhuluma sichaza ukuthi abantu abenza okushiwo kuqala okushiwo kamuva akusalandelwa. Njengoba nasenganekwaneni babamba izwi lentulo eyafika kuqala.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile isisho wachaza] (2)

15.6 Lezi zinganekwane ziwuhlobo olungefani. Inganekwane yenkinga yeselesele ingeyesimanje nabalingiswa abayisimanje kanti inganekwane yonwabu nentulo iyinganeko echaza ngenkolo kanye nokudaleka kwezinto. Isele nonwabu bobabili bangabalingiswa abangathembekile emakhosini abo. Isele alithembekanga ekukhokheni intela enkosini yasemanzini neyasemhlabeni. Unwabu aluthembekanga kuMdali owayeluthume emhlabeni ukuyotshela abantu ukuthi bangafi.
[Nikeza amamaki amabili uma eqhathanisile isele nonwabu] (3)

15.7 Umxoxi usisebenzise kahle isizinda sendawo sale nganekwane, usethulela indawo enezihlahla ezinezithelo njengobukhwebezane. Le ndawo ibalulekile ngoba iyona ebangela unwabu ukuba lubambezeleke.
[Nikeza amamaki amabili uma encomile ikhono lomxoxi] (2)

15.8 Ukuxhumana siqalo <u>Ngivumele</u> ngisine ngosiko lwakithi,
<u>Ngivumele</u> ngigiye ngokugiya engikwaziyo,
<u>Ngivumele</u> ngihlobe ngengingazigqaja ngakho

NOMA

Ukuxhumana sigcino Kodwa akubona ubunjalo <u>bami</u>,
Ngubani owakutshela okungesikho <u>ngami</u>?
[Nikeza amamaki amabili uma egagulule watomula ukuxhumana] (2)

15.9 Umoya oqukethwe yilezi bongo kule migqa ngowokuncoma. Imbongi incoma usuku lwamagugu ngokukhulula nokuhlanganisa izinhlanga ezahlukene uma lugujwa. Ngakho-ke lolu suku lugqugquzela ubumbano nokwazana.
[Nikeza amamaki amabili uma ehumushile umoya] (2)

15.10 Ngiyavumelana nalesi sitatimende. UNdosi, uKhumbuza, uDubandlela noVico bangabanye bozalo lwakwaCele. UVico wayengagezi enensila. Kusemlandweni wabantu bakwaCele ukuthi bake baya endaweni yaseThethe. UCele wayezala izingane ezinhle ezazithanda ukubukwa.
[Nikeza amamaki amathathu uma efakazelile ngokuhumusha isithakazelo] (3)

15.11 Ngicabanga ukuthi njengoba kuyihubo elihlatshelelwa uma kunomemulo kunobudlelwane nemigqa yalezi zibongo ngoba umemulo uhanjelwa ngabantu abasuke bevunule ngezindlela ezahlukene kodwa babe bemunye noma bengolwaluphi uhlanga.
[Nikeza amamaki amabili uma ebuvezile ubudlelwane] (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: **25**

ISIQEPHU C: UMDLALO

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abenza izinto ngokubambisana bayaphumelela kwabakwenzayo kanti akujwayelekile ukuthola abantu abenza izinto ngokwahlukana bephumelela beba nenqubekela phambili ngenxa yomdonsiswana ababa nawo. Kulo mdlalo kukhona abalingiswa abenze izinto ngokubambisana baphumelele kanye nalabo abenza izinto ngokungabambisani okuholele ekutheni impumelelelo kubo ikhinyabeze inqubekela phambili. Konke lokhu kuvezwa abalingiswa, oMdaluli, uMaMlanduli, uManqina, uChivenga kanye noZayeka.

UMZIMBA

- Kulo mdlalo kwethulwe uMdaluli engubaba oqotho esebenza kahle, ondla umndeni wakhe kunenqubekela phambili ezinganeni zakhe ekwazi ukukhokha imali yokufunda kukaLondiwe esikoleni. Isimo siguquke lapho ehluleka ukubambisana noMaMlanduli. Umfihlela ukuthi umsebenzi uphelile ngoba inkampani iyavalwa kuze kufika uManqina odalula udaba lokuphela komsebenzi.
- Ngakho-ke lesi senzo sokuthi angaxoxi noMaMlanduli uma kukhona okungamphethe sikhomba ukungabambisani ngoba ubhoka ngolaka ngenkathi uMaMlanduli emlethela ukudla kudaleke ukungezwani. Ushaya uMaMlanduli, uyaboshwa kepha uyakujabulela ukumbona emvakashela ejele.
- Kungagcini lapho akabi nokubambisana nezingane zakhe, ubuya ejele azihubhe ngesibhamu, azixoshe ekhaya lazo ngoba zilwisana nokuhlukunyezwa kukaMaMlanduli lokhu kubhebhethekisa ingxabano.
- Okubuhlungu kakhulu ngokwenziwa nguMdaluli ukwehluleka ukwamukela ukuthi uChivenga nguyena othathe umsebenzi wokwakha owawutholwe nguye, akubi nenqubekela phambili empilweni yakhe ngoba uthakatha uChivenga, angagcini lapho amshaye ehlathini laseMphekandlubu.
- Nakho lokho kungabambisani kuholela ekutheni abuyele ejele nakuba egcine ekwazile ukuxolisa kuChivenga.
- Emuva kwakho konke akwenzile uthola umsebenzi, azihlelele yena yedwa iholidi, eliya eSudani aze aqede kube yisikhathi azisa umndeni wakhe.
- UMaMlanduli akasivumeli isimo esisemzini wakhe esidalwa uMdaluli sokungakwazi ukubambisana nomndeni wakhe. Uzama ukudala uxolo ngokuthi acele uLondiwe ukuthi ahoxise icala njengoba ayebophise uyise. Kepha yonke imizamo yakhe idicilileka phansi ngoba uMdaluli udala inxushunxushu eyenza lokhu kubambisana abekuzama kungaphumeleli.
- Okunye okwenzeka kule ndaba okukhombisa ukubambisana ukuba khona kukaManqina. Uyalekelela uma kunengxabano emzini kaMdaluli afike alamule,

abaphe nezeleluleko abakwaMemela ukuthi bangenza kanjani ukuze baqhubeke bahlale ngokuthula emzini wabo ukuze impilo yomndeni ibe nempumelelo.

- Emuva kokuba uChivenga esethole umsebenzi ushela uHlengiwe kanti akazi ukuthi lo Hlengiwe uze kuye hhayi ngenhloso yokuzobambisana kwezothando kepha yokuzomcutha imali.
- Uma uChivenga ebona ukuthi uHlengiwe uyamkhulumisa kahle uhlangana noHeshane, ashintshe ipasi likaHlengiwe libuye selinesibongo sikaChivenga kudale ukwethuka nokungathembani phakathi kwabo.
- Esekwenzile lokho uHeshane ukuthatha imali kaChivenga uyamiswa emsebenzini.
- Ukungabambisani kwabakwaMemela kuyaxazululwa emuva kokuba uZayeka enze ubulungiswa, ubopha uMdaluli ophazamisa ukuthula emzini wakhe aphinde ambophe uma eshaya uChivenga.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kukho konke okwenzekile kulo mdlalo kuveza izinto ezenziwe abalingiswa ngokubambisana okudala baphumelele kanti laba abangakwazanga ukusebenza ngokubambisana babe nezinkinga kwakhinyabezeka inqubekela phambili empilweni. Ngakho-ke abantu mabafunde ukwenza izinto ngokubambisana nabanye ukuze kube nenqubekela phambili empilweni yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izenzo zokubambisana ezidale impumelelo kanye nezenzo zokungabambisani ezidale ingxabano kulo mdlalo)

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Umoya wokujabula ngoba uMaMlanduli ujatshuliswa ukupha umyeni wakhe ukudla nokuthi usefikile ekhaya usengabajoyina esidlweni.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umoya nesizathu] (2)

17.2 UMdaluli noMaMlanduli banodweshu lwangaphandle ngoba uMaMlanduli uthukutheliswa nguMdaluli omtshela ngesankahlu ukuthi akakufuni ukudla amnika khona. Ucabanga ukuthi sekukhona abamphekela ukudla okumnandi kunokwakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma eluchazile udweshu] (2)

17.3 Wazama ukuvula isicabha ngokudlukuzelisa ihendlela ekamelweni. Wakhuza uyise ukuba ayiyeke le nto ayenzayo yokuhlukumeza uMaMlanduli. Washayela amaphoyisa ucingo ukuba azokwelekelela.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile izaba] (3)

17.4 Umlingiswa onguMdaluli wayethole umsebenzi wokwakha kuSaziwayo kepha waphuza ukufika emsebenzini. Lo msebenzi wabe sewunikwa umlingiswa onguChivenga owafika kuqala kunaye. Emuva kwalokho uMdaluli usemlalela unyendle ehlathini eMphekandlubu agcine esemshaya, amlimaze emuva kokuhlohlwa uMbhebhezeli. Ugcina elanyulelwe ngamaphoyisa.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyamanise izigameko] (3)

17.5 Isenzo sikaMdaluli sokumamatheka uma ebona uMaMlanduli simveza njengomlingiswa onobuqili namaqhinga futhi ongazwelani nomunye umuntu. Uyajabula uma ebona uMaMlanduli emvakashela, wenza sengathi uyamthanda ekubeni ubemshaye waze wagcina eboshiwe.
[Nikeza amamaki amabili uma emchazile umlingiswa] (2)

17.6 Umbhali uhlose ukuveza ukuthi abantu besifazane bayakubekezelela ukuhlukumezeka emakhaya njengoba naye uMaMlanduli washaywa umyeni wakhe uMdaluli kepha wadlula waya komvakashela eseboshiwe. Akafuni ukusizwa njengoba wabuye wamqinisekisa ukuthi yena akananxa naye.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyichazile inhloso] (3)

17.7 Umbhali usethulela inkulumo yalolu hlobo ukuze aveze ukuheha kanye nesisusa sodweshu esitholakala ephusheni elalibikezela okungahle kwenzeke kulo mdlalo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile imbangela] (2)

17.8 Umlingiswa onguZayeka nomlingiswa onguHeshane abaziphathi ngendlela efanayo emisebenzini yabo njengabasebenzi bakaHulumeni. UZayeka uyiphoyisa elisebenza ngobuqotho nangokuzimisela njengoba wakwazi ukubopha uMdaluli ngesikhathi eshaye uChivenga. UHeshane usebenza emNyangweni wezaseKhaya uyisigebengu futhi akathembekile njengoba asebenzisana noChivenga emgwazela ukuze athathe umazisi kaHlengiwe bese enza umazisi osunesibongo sikaChivenga.
[Nikeza amamaki amathathu uma ebaqhathanisile abalingiswa] (3)

17.9 Isenzo somlingiswa onguChivenga asamukelekile ngoba wabonisa ukungabi neqiniso kwesinye isakhamuzi esinguMdaluli njengoba afika watshelwa ukuthi lo msebenzi usunikwe yena usengowomunye umuntu. Lokho kwadala inzondo uMdaluli waziphindisela kuChivenga ngokumthakatha, wamlalela unyendle wamshaya waze wafuna ukumbulala.

NOMA

Isenzo somlingiswa onguChivenga samukelekile ngoba uMdaluli wanikwa umsebenzi kepha wafika ngemuva kwesikhathi emsebenzini okwadala ukuba uSaziwayo athole uChivenga owafika kuqala bese ezitholela umsebenzi ukuze naye aziphilise.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile wasekela] (2)

17.10 Amazwi abhalwe ngokugqamile abekeke kahle ngoba aveza ukuthi uMdaluli uyazehlisa futhi uzama ukunxenxa uMaMlanduli ukuthi amzwele ukuze ancenge uLondiwe bese kusulwa icala.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngamazwi] (3)
[25]

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abenza izinto ngokubambisana bayaphumelela kwabakwenzayo kanti akujwayelekile ukuthola abantu abenza izinto ngokwahlukana bephumelela beba nenqubekela phambili ngenxa yomdonsiswano ababa nawo. Kulo mdlalo kukhona abalingiswa abenze izinto ngokubambisana babe nempumelelo kanye nalabo abenza izinto ngokungabambisani okuholele ekutheni impumelelelo ebikhona kubo ikhinyabeze inqubekela phambili. Konke lokhu kuvezwa abalingiswa, inkosi uSalimani, uZithulele uMphiliphili, ibutho, kanye neJaji laseMgungundlovu.

UMZIMBA

- Kulo mdlalo kwethulwe inkosi uSalimani ihleli kahle ngokubambisana nabafowabo kanye nesizwe sayo ngoba konke ekwenzayo ibonisana nabafowabo bese ebikela isizwe ngokuthi ibize imihlangano.
- Ngakho-ke inkosi uSalimani ikwenza lokhu ngoba ingafuni ukuthi kube nengxabano kepha kube nokuhlalisana kahle kanye nenqubekela phambili esizweni sayo ekuvikeleni kokuklanywa kwemingcele kabusha. Ize izame nezindlela zokuthi isizwe sizikhethele sona ukuthi sifuna ukubuswa ngabelungu noma yinkosi uSalimani.
- Kodwa konke lokhu kubambisana okukhona endaweni kaSalimani kufuna ukuqedwa nguhulumeni ngomlomo kaZithulele ongayifuni impumelelo ezweni likaSalimani.
- UZithulele nguyena owatshela inkosi uSalimani ukuthi imingcele yagudluka ngenxa yemvula kuzomele iklanywe kabusha ukuze ibuyele endaweni yayo.
- Uqhekeko phakathi kokuhlalisana kwabelungu nabantu abamnyama ladalwa ubuqili obabuzanywa uZithulele ukuze ezothatha umhlaba wenkosi uSalimani.
- Emuva kokuthengwa kukaMphiliphili ngemali ewompondo abahlanu nezithole ezintathu ukubambisana kwakhe njengenduna yenkosi uSalimani kwaholele ekutheni inkosi uSalimani imbize ngembuka.
- Ukungathembeki kwakhe kukhinyabeza impumelelo yokuhlalisana kahle nenkosi, uMphiliphili uyahlawuliswa ugcina ngokuhlupheka.
- Akagcini lapho uMphiliphili ngokuthi amukele ukuxolelwa kwenkosi kepha uyaqhubeka nokungabambisani nenkosi uSalimani. Ngenkathi kulwa abantu bakaMgqabuli uba ngakubo, aze abe ngufakazi weNkantolo efaka impilo yakhe engcupheni.

- Lokhu kwathukuthelisa kakhulu ibutho lenkosi uSalimani elalisebenza ngokuthembeka nokubambisana noSalimani. Lesi senzo sikaMphiliphili sakhinyabeza impumelelo yakhe ngoba wagcina ngokubaleka endaweni.
- Leli cala uMphiliphili ayefakaza kulo elibophe uNomehlo induna yenkosi lagcina lilahle inkosi uSalimani. Inkosi uSalimani yaphoqeleka ukuba idlulisele icala enkantolo eMgungundlovu.
- Ukuba neqiniso kwejaji laseMgungundlovu phakathi kwabamangali nabamangalelwa, kuveza ubuqotho bokubambisana ekuquleni amacala ezweni ukuze kube nobulungiswa.
- Ngakho-ke ubulungiswa benzeka kwabuyiswa izindawo zikaSalimani, uVimbingwenya, uMkhabela noMngeni kwaba nenqubekela phambili endaweni kaSalimani ngoba uHulumeni kaSomtsewu wayalelwa ukuba akhokhele zonke izindleko zecala.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kukho konke okwenzekile kulo mdlalo kuveza izinto ezenziwe ngabalingiswa ngokubambisana okudala baphumelele kanti laba abangakwazanga ukusebenza ngokubambisana babe nezinkinga kwakhinyabezeka inqubekela phambili empilweni. Ngakho-ke abantu mabafunde ukwenza izinto ngokubambisana nabanye ukuze kube nenqubekela phambili empilweni yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izenzo zokubambisana ezidale impumelelo kanye nezenzo zokungabambisani ezidale ingxabano kulo mdlalo)

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Umoya wokumangala. UMbongolo umangazwa yisenzo sokuhlaselwa kwabantu kwaMcondo.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umoya nesizathu] (2)

19.2 Kunodweshu lwangaphandle, lapho sithola khona abantu benkosi uSalimani nabafowabo kanye nonongqayi bakaMgqabula betholana phezulu. Bathukutheliswa wukuthi abantu bakaHulumeni bahlasele amabutho ebekade ezijabulele esina kepha kwaba ukuthi bazithelile ngoba amabutho ababhonye ngemishiza kwaze kwasiza ngokuba kulamule induna uNomehlo ukuze kunqamuke ukulwa lokho.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile uhlobo lodweshu] (2)

19.3 UMcondo wazama ukuba akhuze ononggayi bangabophi amabutho kepha benqaba. Wabatshela ukuba angababophi bengayazisanga inkosi uSalimani bangamlalela. Wabikela uSalimani ukuthi amabutho akhe athathwe ngononggayi ahamba nawo.
[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile uhlobo lodweshu] (3)

19.4 UNomehlo waboshwa namabutho enkosi uSalimani engenzanga lutho olubi ngenxa yokuthi uMphiliphili nakuba wayeyinduna yenkosi kodwa wayesedudene nabelungu ukuhlukumeza abantu nokuwisa umbuso wenkosi uSalimani.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyamanisile izigameko] (3)

19.5 Isenzo sikaNongejeni sokuthi amabutho awaphumele ngaphandle simveza njengomlingiswa owenza noma olandela lokho asuke atshelwe khona. Ukhombisa ukungayihloniphi inkosi ngoba amabutho ayeze ukuzophelezela nokuvikela inkosi njengoba ibizwe enkantolo.
[Nikeza amamaki amabili uma emchazile umlingiswa wabuye wasekela] (2)

19.6 Inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguSalimani kulesi siqeshana ukukhombisa isibindi ayenaso, ubuqhawe bakhe nokukwazi ukuveza ubuholi beqiniso. USalimani wayengavumelani noHulumeni ebeka isizathu sokuthi amabutho ayeze ukuzogada, avikele inkosi njengoba yayisenkantolo.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyibhalile inhloso wabuye wasekela] (3)

19.7 Isizathu sokuba umbhali asethulele inkulumo kaZithulele ekuqaleni kwalo mdlalo ukuba asivezele ukuthi ungumlingiswa oyimbangi ngoba unobuqili futhi uyadelela. Ubiza inkosi uSalimani ukuzomhlola nokuzomtshela ukuthi izwe lakhe akulona elakhe sekungelikaHulumeni ngoba inkosi uManyosi kwakuyizwe lakhe ungumufi, ngeke abe nezwe.
[Nikeza amamaki amabili uma esethulile isizathu] (2)

19.8 Ukuqulwa kwamacala enkantolo kaHulumeni nasenkantolo yaseMgungundlovu akufani. Inkantolo kaHulumeni yayivuna abelungu ukuba bathole izindawo ngokungemthetho, lapho icala lamlahla uSalimani. Inkantolo yaseMgungundlovu yenza ubulungiswa ngokuba icala lamthetha khona uSalimani waphuma phambili.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ukuqulwa kwecala] (3)

19.9 Isenzo senkosi uSalimani samukelekile kwakuyindlela eyayizobonisa ukukhethwa ngokweqiniso kugwemeke ubuqili obabungenziwa nguZithulele ukuphuca uSalimani umhlaba ngoba lo bhontshisi yiwona awabonisa ukuthi abantu benkosi bakuluphi uhlangothi.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukwamukeleka kwesenzo] (2)

19.10 Amazwi abhalwe ngokugqamile aveza ukuthi inkosi uSalimani ingumuntu ongamesabi uZithulele ngoba uyamtshela ukuthi uma efuna izinto zonakale angawakhipha amabutho ngenkani enkantolo awabophe.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngamazwi] (3)
[25]

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-37 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abenza izinto ngokubambisana ngangobuqotho bayaphumelela kwabakwenzayo kanti akujwayelekile ukuthola abantu abenza izinto ngokwahlukana bephumelela beba nenqubekela phambili ngenxa yomdonsiswana ababa nawo. Kulo mdlalo kukhona abalingiswa abenze izinto ngokubambisana kanye nalabo abenza izinto ngokungabambisani okuholele ekutheni impumelelelo ebi khona kubo ikhinyabeze inqubekela phambili. Konke lokhu kuvezwa abalingiswa, oPhindisiwe, uNkululeko, uMakhangela, uThamsanqa, uMathonsi noMaMhlongo.

UMZIMBA

- Kulo mdlalo kwethulwe uPhindisiwe ohleli kahle emshadweni wakhe noThamsanqa Mathonsi, babambisene ngoba bayakwazi ukuya enkonzweni baze baye neyangoLwesithathu yabashadile.
- UPhindisiwe ukhombisa ukungabambisana/ukungabi nobuqotho noThamsanqa ngoba ube nenkinga yemali ngenkathi esahambe ngokomsebenzi kunalokho uqoma uNkululeko ngoba efuna imali egcine imdalela izinkinga.
- Okubuhlungu akwenzayo ukungamtsheli uThamsanqa uma eshonelwa yingane ayithole kuThamsanqa, ukhuleliswa nguNkululeko, athole uZiphozonke agqokise uThamsanqa ijazi athi uZiphozonke yiyona ngane yakhe.
- Lokhu kungabambisani kudala izingxabano uma sekuvela le mfihlo kaZiphozonke, uThamsanqa ugcina esembeke isandla uPhindisiwe, igcine ingasekho inqubekela phambili emshadweni wabo, agcine ngokubaleka aphindele kubo kwaMakhunga.
- Nakuba uNkululeko noPhindisiwe bebebambisene/benobuqotho ngokungelona iqiniso, ukuvuma ukumondla ebe eshade noThamsanqa kudale ingxabano emzini kaThamsanqa.
- UNkululeko uvuma ukugwetshwa ayohlala ejele ngenxa kaPhindisiwe. Icala lokushayisa ingane likhinyabeza umshado onempumelelelo kaPhindisiwe.
- UNkululeko emuva kokudalula udaba lokubambisana ngokothando kwakhe noPhindisiwe koMathonsi noMaMhlongo kwandisa uqhekeko emndenini wakwaMathonsi. Lokhu kwaqeda ikusasa likaPhindisiwe kwamenza wantshontsha imali ebhange, waboshwa, washiya uThamsanqa noZiphozonke.
- Ngakho-ke uThamsanqa wehlulekile ukubambisana ngokuphelele/nokuba nobuqotho kubazali bakhe uMathonsi noMaMhlongo ngoba ubafihlele ukuthi uPhindisiwe unezinye izingane okunguThembalakhe noNokwethemba azishiye ekhaya kwaMakhunga. Okuyikhona okwenza baphatheke kabuhlungu oMathonsi uma bezwa ukuthi lokhu okukhulunywa nguNkululeko kuyiqiniso nokwenza umshado kaThamsanqa bangabe besawuthemba.

- Nakuba uPhindisiwe egcina ngokumthela ngehlazo lokuthi aboshwe ngokuntshontsha imali ebhange, uThamsanqa ukhombisa ukubambisana nokumeseka uPhinsidiwe ngoba uyalwamukela uxolo lwakhe ngenhloso yokuthi umshado wakhe uqhubeke ube yimpumelelo okudalwa yizifungo zomshado abazenza ezithi ebuhleni nasebubini. Akabi namahloni okuthi kazi oMathonsi noMaMhlongo bazothini.
- Nakuba uMathonsi noMaMhlongo bebekhombise ukubambisana nobuqotho noThamsanqa ngoba kuthe uma kufika uNkululeko bangathula, bafuna ukumvikela uThamsanqa bamazisa ngenkinga nobugebengu ngeqola elinguNkululeko becabanga ukuthi uzogaqela imali yasebhange lapho kusebenza khona uPhindisiwe.
- Ukubiza uThamsanqa ambuze kabanzi ngodaba lukaPhindisiwe aphinde ameluleke kukhombisa ukubambisana kwakhe nendodana yakhe ukuze isimo silungiseke emshadweni wayo.
- UMathonsi akagcini lapho kepha uxwayisa uThamsanqa ngokuboshwa uma engashaya uPhindisiwe.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)
Kukho konke okwenzekile kulo mdlalo kuveza izinto ezenziwe ngabalingiswa ngokubambisana okudala baphumelele kanti laba abangakwazanga ukusebenza ngokubambisana babe nezinkinga kwakhinyabezeka inqubekela phambili empilweni. Ngakho-ke abantu mabafunde ukwenza izinto ngokubambisana nabanye ukuze kube nenqubekela phambili empilweni yabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izenzo zokubambisana ezidale impumelelo kanye nezenzo zokungabambisani ezidale ingxabano kulo mdlalo)

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga

21.1 Umoya wokucasuka. UThamsanqa ucasulwa nguNkululeko ozogcwaneka kubo ngendaba yokuzofuna umakoti wakhe uPhindisiwe.
[Nikeza amamaki amabili uma ewubhalile umoya] (2)

21.2 UThamsanqa noNkululeko banodweshu lwangaphandle, UNkululeko udinwa wukuthi umuntu okumele kube nguyena okuxoxwa naye onguPhindisiwe akekho kanti uThamsanqa ucasukela ukuthi udelelwe nguNkululeko phambilini.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngodweshu] (2)

21.3 UNkululeko ushayela uPhindisiwe ucingo efuna okungokwakhe nokuthi babuyelane. Ucela uKholekile ukuba amlekelele ngokuqoqa ulwazi lwalokho uPhindisiwe akucabangayo ukuze bezohlangana noPhindisiwe kubulawe uThamsanqa yikhona bezozuza emalini yamafa. Uthumba uSarah ukuba akhiphe okhiye basebhange njengoba babehlala kuye. UPhindisiwe uzomkhombisa lapho kuhlala khona imali.
[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile izaba ezenziwe] (3)

21.4 UPhindisiwe wayazi ukuthi uThamsanqa wayemthanda nezingane zakhe azithola engakashadi, nguyena muntu owayezinakekela lezo zingane ezikhulisa ngothando njengoba uThamsanqa ayeshade naye. Wayazi futhi ukuthi uThamsanqa ungumyeni okhulele emndenini oneqiniso kunonina onguMaKhangela owayengenabo ubuqotho nendlela yokukhulisa izingane.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyamanise izigameko] (3)

21.5 Isenzo sikaMakhangela sokusola uNkululeko uma ekhuluma kabi noPhindisiwe simveza njengomuntu ovikelayo. Akafunanga kuhlukunyezwe ingane yakhe uPhindisiwe njengoba ekhuza uNkululeko ukuthi angaphoqeleli uPhindisiwe ukuthi aye naye ebhange nokuthi angambulali.
[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukumveza umlingiswa] (2)

21.6 Umbhali uhlose ukusikhombisa ukuthi ubugebengu abukhokheli bugcina buphumele obala. UPhindisiwe naye wonke amacala akhe agcine esesobala ikakhulukazi ukuthanda imali kwamenza wathandana noNkululeko ogcine esemhlukumeza ngokuthi amphoqelele ukuthi enze obunye ubugebengu.
[Nikeza amamaki amathathu eyivezile inhloso]
(Nezinye izimpendulo ziyokwamukelwa) (3)

21.7 Isizathu sokwethula inkulumo kaNkululeko ekuqaleni kwalo mdlalo ukuveza isisusa sodweshu nenkinga kaPhindisiwe ngoba uNkululeko usebuza ngezifungo nezethembiso zokuthi bazofa balahlane ngeke bahlukane benoPhindisiwe.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imbangela esingenisweni] (2)

21.8 UMaqoma noSarah baziphethe ngendlela engafani. UMaqoma ungumngani ongaziphethe kahle ngoba walekelela uNkululeko ukuba benze izenzo zobugebengu. USarah ungumngane othembekile ngoba wamvulela uPhindisiwe ngenkathi engqongqoza kwakhe. USarah wabe engazi lutho ngalobu bugebengu yize ephatha izikhiye zasebhange.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile abalingiswa] (3)

21.9 Asamukelekile ngoba uMaKhangela wayazi ukuthi uPhindisiwe wayenezingane ezimbili azitholela ekhaya ngaphambi kokuba alotsholwe. Wenza ubugebengu ngokufihla izingane zikaPhindisiwe owagcina eselotsholwa ngelobolo lentombi engenazingane.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi asamukelekile] (2)

21.10 Amazwi abhalwe ngokugqamile aveza ukuthi uNkululeko ungumuntu ombhuqayo uMaKhangela futhi omeyisayo ngoba wayebathumbile benoPhindisiwe. Ngakho-ke wayengeke adalule kuThamsanqa ukuthunjwa kwabo ngoba impilo yabo yayisengozini yokudutshulwa nguNkululeko.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngamazwi abhalwe ngokugqamile] (3)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

Izinkomba	Obekungalindelekile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko somqakuliswano (ukuqophisana) okunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **6 AMAMAKI**	**5–6** -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -umqakuliswano omuhle kakhulu ohlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	**4** -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Umqakuliswano omuhle kakhulu kodwa awusekeliwe wonke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	**3** -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Kukhona amaphuzu amuhle asekela isihloko -Omunye umqakuliswano usekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	**2** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	**0–1** -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile komqakuliswano kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenziswe embuzweni omude. **4 AMAMAKI**	**4** -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Umqakuliswano uhleleke kahle kakhulu futhi uthungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	**3** -Isakhiwo esihleleke kahle futhi nomqakuliswano ogeleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza komqakuliswano kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**2** -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Umqakuliswano awugelezi futhi awuhlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	**1** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Umqakuliswano awuhlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	**0–1** -Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

QAPHELA: **Uma ohlolwayo engazange abhale sanhlobo ngokubuziwe, waqoka ukuziqmbela i-eseyi akatholi lutho amamaki okuqukethwe kanye nesakhiwo nolimi**

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Obekungalindelekile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Somqakuliswano (ukuqophisana) onzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **15 AMAMAKI**	**12–15** - Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Umqakuliswano omuhle kakhulu ohlukene osekelwe kabanzi kubhekiswe kunoveli/ubuciko bomomo nomdlalo - Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	**9–11** -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Umqakuliswano omuhle kakhulu kodwa awusekeliwe wonke ngendlela elindelekile - Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	**6–8** -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Okunye umqakuliswano usekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi - Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	**4–5** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela umqakuliswano osekela isihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	**0–3** -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Uqakuliswano awugculisi -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile komqakuliswano kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **10 AMAMAKI**	**8–10** -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Umqakuliswano obekeke kahle kakhulu futhi uthungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	**6–7** -Isakhiwo esihle kanye nomqakuliswano ohleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Umqakuliswano ugeleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**4–5** -Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana komqakuliswano kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	**2–3** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Umqakuliswano awuhlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	**0–1** -Isakhiwo asihlelekile kahle kuze kuphazamise umqakuliswano -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.
UKWABIWA KWAMAMAKI	**20–25**	**15–19**	**10–14**	**5–9**	**0–4**

- **Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.**
- **Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.**